Season of Creation 2

IsiZulu

IVIKI LOKUQALA: UKUGUQUKA KWESIMO SEZULU.

UKULUNGISELELA:
Hlobisa I-Olta ngeziHlahla nangamaGatsha okomileyo kunokuba uhlobise ngeziMbali.

UMUSHO WOKUVULA:
UMhlaba uyoma futhi uvuthuluke…..uMhlaba ungcoliswa abakhileyo kuwo.

UKUZISOLA:
Sivuma izono zethu zomhobholo kanye nokuthanda izinto zezwe ezilimaza umhlaba kaNkulunkulu izingane zethu ezawuzuza njengefa.

ICULO:
Elimayelana nobulungisa kanye nokunakekela umhlaba kaNkulunkulu.

IKHOLEKTHA:
Nkosi yeNdalo yonke
ngenxa yokuzinaka nomhobholo
siphange ingcebo yoMhlaba futhi safaka engozini
isibhakabhaka kanye ne simo sezulu somhlaba wethu
Ukufudumala komhlaba nokwenyuka kwamazinga olwandle
okusabisa izizwe ezihlala eziqhingini kanye nabantu abanokulimazeka
kanye nokunye okuphilayo. Siphe umbono omusha ngomhlaba wethu
bese udala kithi umqondo omusha wokulungiswa kwenhlalakahle yabantu nokunye okuphilayo. Ngenxa ka Jesu Kristu iNkosi Yethu. Amen

Isifundo sokuqala	Genesise 6:9-22 Genesise 9:8-17	Indaba ka Nowa: Emva kukazamcolo, uNkulunkulu wenza isivumelwano nomndeni kaNowa kanye nezidalwa zonke eziphilayo
IHubo	98	Yonke indalo idumisa uNkulunkulu esaletha ubulungisa kanye nensindiso.
Isifundo sesibili	Roma 8:18-25	Lesisahlukwana sibonisa ukulimala kwendalo, kanye nathi esiyingxenye yayo. Futhi siqukethe umbono othokozisayo ngokuhlengwa okuzayo okulindele thina bantwana bakaNkulunkulu. Indalo ilindele thina ukuba kubekhona esikwenzayo.
Isihlabelelo	6	Iculo lendalo.
Ivangeli	Mathewu 8:23-27	Ukuguquka kwesimo sezulu kuholela kuzamcolo nakwiziphepho. Lezizenzo ezinkulu kakhulu sesimo sezulu azisakwazi ukubizwa ngokuthi “izenzo zoMdali”. Kufanele ngempela ukuba zichazwe njengezenzo ezenziwe abantu ngokuguquka kwesimo sezulu. Kwisifundo sevangeli kwavuka isiphepho esinamandla amakhulu abafundi baba nokwesaba, uJesu uthulisa isiphepho, ebonakalisa ukuthi unamandla naphezu kwendalo.

AMAQINISO NGOKUGUQUKA KWESIMO SEZULU:
Amandla okuguquka kwesimo sezulu aletha ushintsho emanzini
-Ukwanda kwesomiso: Njengoba amazinga okushisa ekhuphuka kuba nomthelela kwizomiso eziholela ekulahlekweni kwezitshalo, ukwenyuka kwamanani okudla kanye nokulamba.

-Ukwanda kwezimvula ezinamandla: Njengoba izilwandle zifudumala, amanzi amaningi ayahwamuka futhi kube khona imimoya enamandla, okuholela kwiziphepho ezinkulu ezonakalisa amakhaya, imigwaqo kanye nezindlu futhi ziguqula umhlabathi omuhle ongaphezulu.
-Ukwenyuka kwamazinga olwandle: Njengoba izilwandle zifudumala, amanzi ayakhukhumala, okuthi ndawonye nokuncibilika kwezihloko zeqhwa, kuholele ekunyukeni kwezinga lolwandle. Lokhu kulimaza izindawo zasogwini, neziqhingi, konakalisa nezakhiwo futhi kwenze umhlabathi ube sasawoti.
Ukuguquka kwesimo sezulu kubangwa ukushisa izinto ezinjengamalahle nowoyela. Kufanele sehlise ukusebenzisa lezizinto futhi sisuke kuzo ngokushesha siguqukele kumandla avuselelwa ilanga, ukuze sikwazi ukugwema izigemegeme zokuguquka kwesimo sezulu.

ISIBUSISO:
Hambani ninesibindi ethembeni enisindiswe ngalo
nidumise uNkulunkulu kwindalo yonke, nilandele uKristu okwenziwe ngaye konke okukhona; ngamandla kaMoya nibe uphawu lwethemba emhlabeni; nesibusiso sikaNkulunkulu onguMdali, uBaba ophakade, iNdodana evukileyo kanye noMoya Ongcwele othenjisiweyo anibusise ukuba nibe isibusiso kwabanye namhlannje nangezikhathi zonke. Amen

IVIKI LESIBILI: UKUDLA KANYE NOBULUNGISWA BEMVELO

UKULUNGISELELA:
Indawo engcwele emsamo ingagcwaliswa ngesivuno. Lenkonzo ingasentshenziswa njengokubonga isivuno kodwa kugxilwe ikakhulu ekutheni siwona futhi siwunukubeza kanjani umhlaba. Sikhumbula izenzo zokungalungi ezenza abanye bangabi nakho ukudla.

UMUSHO WOKUVULA:
USimakade uyasipha okuhle kubeyinala ezweni lakithi (Ihubo 85:12).

UKUZISOLA:
Siyavuma sizisola kuNkulunkulu ngobugovu bethu nangomhobholo emhlabeni lapho abaningi balembile. Siyavuma izindlela esishiye ngazo umhlaba ungcolile nomhlabathi ungavundile.

ICULO:
Elimayelana nokudla kanye nokwabalena nabanye.

IKHOLEKTHA:
Nkulunkulu ophakade
uqhelisa unyaka ngokuhle
futhi usinika izithelo zomhlaba ngesikhathi sazo
siphe ukuba sikwazi ukuzisebenzisela inkazimulo yakho ukuze kusizakale abantulayo kanye nokuzinakekela kwethu.
Ngenxa kaJesu Kristu iNkosi yethu. Amen

Isifundo sokuqala	Levitikusi 25:8-24	Ukubuyiselwa nokubuyela ekulinganeni ngenxa yomgomo kaJubili.
IHubo	85	Lihlanganisa ukulunga kanye nokunakekelwa kwezwe.
Isifundo sesibili	Jakobe 5:1-8	Ukungalingani kwezomnotho okubangwa ukuceba kakhulu kwendlanzana okubonakaliswa ukukhalaza kwezisebenzi.

Isihlabelelo	Iculo LikaMariya (APB Pg 57)	Iculo likaMariya lisipha umbono ngomhlaba lapho abalambileyo beyosuthiswa khona kuthi izicebi zimukisaze.
IVangeli	Luka 4:16-21	Indikima kaMesiya ukuba alethe izindaba ezinhle kwabampofu.

Busisa,Nkosi
imithi, izitshalo kanye namakhambi ensimu
sengathi kungakhula ukuze kwande ngokupheleleyo futhi kuthele izithelo ngobuningi.
sengathithi izithelo zezwe zingasikhumbuza izithelo zikaMoya okufanele sizithele. (Inkonzo ye Coptic Orthodox, yaseGibhithe)

ISIBUSISO:

Sengathi uNkulunkulu uBaba anganibusisa
owahlwanyela kuqala ezinhliziweni zenu imbewu yokuphila okuphakade
Sengathi uNkulunkulu uNdodana anganibusisa, oninakekela ngemvula kanye nokukhanya kothando
Sengathi uNkulunkulu uMoya Ongcwele anganibusisa osiletha sonke ekungcwaleni kwempilo; sengathi isibusiso sikaNkulunkulu omthathu emunye singaba nani ngezikhathi zonke sinenze nibe isibusiso kwabanye.

IVIKI LESITHATHU: AMANZI

UKULUNGISELELA:

Indishi enamanzi ingabekwa e-Olta. Inkonzo iyophethwa ngokuba ibandla linciswe ngamanzi abusisiweyo.

UMUSHO WOKUVULA:

Umfula kaSimakade ugcwele amanzi.

UKUZISOLA:

Siyavuma sizisola kuNkulunkulu ngezikhathi lapho simoshe amanzi noma siwagcolisile,futhi sakhohlwa ukuthi ayisipho esiyigugu esivela kuNkulunkulu.

ICULO:

Elimayelana namanzi

IKOLEKTHA:

Nkosi Nkulunkulu
ngomfanekiso wamanzi umbula ubunjalo boMoya wakho,
julisa kithina inhlonipho efanele lengcebo ukuze sikwazi ukuphuza ngokugcwele kulesisipho sikaMoya wakho osipha ukuphila.
Ngenxa kaJesu Kristu iNkosi yethu. Amen

Isifundo sokuqala	Genesise 21:8-19	Lena indaba yokungenzi ubulungiswa ngamanzi njengoba oyedwa umfazi unamanzi amaningi kodwa uHagari, umfazi ongathandwa uyagxotshwa kanye nendodana yakhe ukuba bayofela ogwadule. Ubuhlungu bakhe ekukhaleni kuka Ishmayeli okubonakalisa ubuhlungu baba baleka ezindaweni zabo ngenxa yesimo sezulu.
IHubo	104: 10-17	Lelihubo libonisa ubudlelwano phakathi kwamanzi kanye nempilo kanye noNkulunkulu njengomhlinzeki.
Isifundo sesibili	ISambulo 22:1-7	Umbono ngendalo entsha, lapho amanzi egeleza ephuma kuNkulunkulu eletha ukuphulukiswa.
IVangeli	UJohane 4:1-15	Amanzi asho ukuthini ngokoMoya

ISIBUSISO:
Sengathi uNkulunkulu anganikhulula,
sengathi uNkulunkulu anganilondoloza ubusuku nemini,
sengathi uNkulunkulu anganibeka endaweni yenu efanekileyo, bese nenaba njengongwengwe. Nichayeke njengamacembe esundu, niqhubeke nohambo lwenu, futhi sengathi impilo ingaba nani.
Sengathi uNkulunkulu anganibeka lapho izinkanyezi zikaNkulunkulu zibekwe khona entathakusa nakusihlwa.
Nichitheke njengamanzi echibi. (Sambudu,Kenya) (Ibandla lingachiswa ngamanzi)
IVIKI LESINE: AMANDLA AZINZILE

UKULUNGISELELA:
Izibani zamandla elanga zingasetshenziswa e-Olta kunokuba kusetshenziswe amakhandlela. Yenzani kube "Isonto eliluhlaza" niqhubezele abantu ukuba bahambe, babelane ngokugibela izithuthuthu noma izimoto. Umndeni nomdeni ungacelwa uthenge isibani esonga amandla kube esasendlini yesonto noma ehholo.

UMUSHO WOKUVULA:
UNkulunkulu wathi "akube khona ukukhanya"

UKUZISOLA:
Siyavuma ngezikhathi lapho kuchithakale amandla okukhanya futhi sangaba nakho ukunaka ukuthi kungaba nokushayana emhlabeni kaNkulunkulu

ICULO:
Elimayelana nokunakekela indalo

IKHOLEKTHA:
Nkulunkulu mninimandla onke
wadala amazulu nomhlaba
kanye nakho konke okukuwo
sisize siphile ngokusekeleka endalweni
sicabangele izidingo zabanye kanye nezizukulwane ezizayo;
Ngenxa kaJesu Kristu iNkosi yethu. Owenza ukuba sibe nokuphila ngoku chichimayo. Amen

Isifundo sokuqala	uLevitikusi 25:8-24	Kudingeka icebo eliqinisekile ngezolimo noma siyakuba nomhlaba ongavundile oyokoma. Uma siqhubeka nokugawula amahlathi,ukugcolisa umhlabathi, nokuklaba kwemfuyo ngokweqile ngakho umhlaba uyacekeleka phansi.
IHubo	46	uNkulunkulu uhlala ewumthombo wamandla ethu futhi uyasiqinisa akukhathalekile ukuthi kungenzakalani okunye.
Isifundo sesibili	KwabaseKholose 1:15-23	Zonke izinto zadalwa ngoKristu futhi zadalelwa yena
IVangeli	UJohane 3:16-21	uNkulunkulu wawuthanda umhlaba kangoba wathumela iNdodana yakhe ezelwe yodwa. Insindiso akuyona eyabantu kuphela eyendalo yonke.

ISIBUSISO:
Nkulunkulu, onkazimulo yakho imenyezelwa emazulwini,
futhi okhuluma ngendalo
akavuselele imimoya yenu ngezwi lakhe anenze nihlakaniphe ngemithetho yakhe,
futhi aniphe ukuthokoza ngenxa yemiyalo yakhe;

Kuthi nesibusiso sikaNkulunkulu uMdali,uYise,iNdodana kanye noMoya Ongcwele
anibusise ukuze nibe yisibusiso kwabanye namhlanje nangezikhathi zonke. Amen

IVIKI LESIHLANU: IZINTO –EZAHLUKAHLUKENE (EZIPHILA NDAWONYE)

UKULUNGISELELA:
Indawo ecwebileyo kanye nesonto kungagcwaliswa ngezitshalo. Futhi kungaba lena inkonzo yokubusisa izilwane. Uma kungaba nenqinamba ukuletha izilwane esontweni, abantu bangaletha izithombe zezilwane bazinameke odongweni noma abantwana bangadweba izithombe zezilwane.

UMUSHO WOKUVULA:
Ngokuba konke okudalwe uNkulunkulu kuhle (I Thimothewu 4:4,5)

UKUZISOLA:
Siyavuma kuNkulunkulu ngezindlela esingakwazanga ukunakekela zonke izidalwa zikaNkulunkulu

ICULO:
Elimayelana nobuhle bendalo

IKHOLEKTHA:
Nkulunkulu ongunaphakade nonika ukuphila
ekwahlukaneni usinothisa ngobunye bobukhona bethu;
sisize siphile ngokuhlalisana ngokuzwana nezinye (izinto ezidaliweyo) ngokwahlukana ngobubodwa bazo.
Gxilisa kithina ukuba sazi indawo yethu kuyo indalo
ukuze sibe abaphathiswa kanye nezinceku ekungafanini nase nasebuhleni bayo.
Ngenxa kaJesu Kristu iNkosi yethu. Amen

Isifundo sokuqala	Genesisi 1:12-28	Indaba yendalo lapho uNkulunkulu adala lonke ulwebu lwempilo ngokwahlukana kwayo
IHubo	148	Ikhwaya enkulu kaNkulunkulu ihlanganisa zonke izidalwa hayi abaculi abanga bantu kuphela
Isifundo sesibili	ISambulo 5:11-14	Zonke izidalwa zihlangana ndawonye ukudumisa uNkulunkulu kanye nokumkhonza
IVangeli	Mathewu 10:26-33	uNkulunkulu wazisa zonke izidalwa zakhe. Nalezo ezibukeka zingelutho kodwa ziyigugu emehlweni akhe

ISIBUSISO:
Phumelani emhlabeni ngokuthokoza
nihlangane noMdali wenu onilindele lapho
jabulani egcebeni kanye nase kwahlukaneni komhlaba uKristu afa ukuwusindisa;
philani emandleni kaMoya owenza konke kube kusha;
Kuthi nesibusiso sikaNkulunkulu uMdali, uBaba ongunaphakade,iNdodana evukileyo kanye noMoya Ongcwele othenjisiweyo akanibusise ukuze nibe isibusiso kwabanye nanhlanje nangezikhathi zonke. Amen.

OKUNGENZIWA NGALENKATHI YENDALO
1.Ukutshalwa kwezihlahla:
uMandulo inyanga yokutshala imithi (Arbor) futhi leli ithuba elihle lokutshala izihlahla emasontweni nasemakhaya. Kungani kungatshalwa isihlahla sitshalelwe umbhabhathiso., izinsuku zokuzalwa, kanye

nezokuganelisana, kokunye uma kukhunjulwa othandiweyo osandlula emhlabeni. Kutshalwe izihlahla zendabuko noma zezithelo ezonga amanzi.

Umkhuleko wokutshala isihlahla:
Mdali wempilo noMsekeli wembewu nomhlabathi, wesihlahla nembali, udalile lomhlaba kanye nakho konke okuphila kuwo. Kukuwe lapho siza nalo mkhuleko yokwahlukanisela kanye nesibusiso, ngoba nguwe opha impilo kanye nomlondolozi wakho konke okuphilayo.
Sengathi lesisihlahla singajula ngezimapnde kuthi amagatsha aso akhule abebanzi ukunanela uthando lwakho oluxhaphakileyo.
Egameni likaMdali, noMsekeli kanye noMhlengi. Amen

2.Izinkonzo nobuhle bemvelo:
Izinkonzo zebandla zingenziwa ngaphandle endaweni lapho kungafundwa futhi kubatshazwe ummangaliso wendalo kaNkulunkulu. Izinkonzo ezahlukahlukile zingenziwa ezindaweni ezahlukene. Inkonzo ehlathini, inkonzo entabeni njalonjalo. Uma kunenqinamba ekuhleleni, ngakho ke ungaqala ingxenye yokuqala yenkonzo ngaphandle kwesonto bese kuthi umkhuleko wokubonga okungcwele ube ngaphakathi esontweni.

3.Amalungiselelo okuhlanza indawo:
Cabanga ukuhlela inkonzo yokuhlanza ukubuyisa umhlaba owonakanalisiwe. Thatha izikwama zikadoti bese nihlanza indawo eseduzane nesonto.

4. Ucwaningo ngokwenhlalo yemvelo:
Kala amanzi, ugesi kanye namaphepha okusetshenziswa ibandla. Gcwalisa amalitha amabili ngamanzi bese uwafaka kwisigubhu sethoyilethi ukonga amanzi. Lungisa ompompi abavuzayo.

5.Ukutshalwa kwezingadi ezivundiswe ngokwemvelo:
Qhubezela amalungu ebandla ukutshala izingadi zemifino. Bambani inkonzo yokubusisa imbewu entwasahlobo, kucelwe nesibusiso sikaNkulunkulu ezingadini. Uma imifino isilungele ukuvunwa bambani inkonzo yokubonga uNkulunkulu yolibo lokuqala. Indawo ezungeze indlu yesonto isingaphendulwa yenziwe ingadi.

6.Hlela uhambo lwezinyawo nentsha yakho kanye noma nosontosikole.

Uma udinga eminye imininingwane thintana ACSA Environmental network, Green Anglicans
info@greenanglicans.org Facebook: Green Anglicans Website www.greenanglicans.org